ISIFUNDO 4 *uMfumfu 16–22

Ukuthanda UJehovah UNkulunkulu Wakho

iSABATHA EMINI

Funda Kuleliviki: *Dut. 6:4, 5; Dut. 10:12; Efes. 2:1–10; Samb. 14:6, 7; Dut. 4:37; Dut. 11:1; Marko 12:28–30.*

Indimana Yekhanda: **“ ‘wothanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho’ ” (***Deuteronomy 6:5, NKJV)*.

EEnkowleni yamaJuda, omunye wemikhuleko ebalukeke kunayo yonke ithathelwe KuDuteronomi 6. Yaziwa njenge-“Shema,” okugxile kwigama lokuqala lesiHeberu lomkhuleko, elisuka kwimpande, ‘*shama*’, okuchaza “ukulalela,” noma futhi “ukuthobela”—igama eliqhamuka izikhathi eziningi, hhayi nje kuphela KuDuteronomi kepha kulo lonke iTestamente Elidala.

Umusho wokuqala we_Shema ufundeka kanje:

Shema Yisrael Adonai Elohenu Adonai echad.

Kuchaza lokhu: “ ‘Yizwa, Israyeli: uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye!’ ” *(Deut. 6:4, NKJV)*. Izikhathi eziningi uma amaJuda ewukhuleka, amboza amehlo awo, umqondo kungukuthi makungabi khona lutho olubaphazamisa ekucabangeni ngoNkulunkulu. Lomusho wokuqala we-Shema ubonwa njengesiqinisekiso sesimo sokuba yedwa kuka-Adonai Elohenu, “uJehovah uNkulunkulu wethu,” kanye nokuthemba kukaIsrayeli Kuye kuphela hhayi komunye “unkulunkulu.” Empeleni, kungafundeka nakanje, “uJehovah nguNkulunkulu wethu.”

Lomusho owodwa yingxenye yenkulumo kaMose Kubantwana bakwaIsrayeli ngenkathi sebezongena Ezweni leSithembiso. Okulandela lomusho ovulayo, nokho, ngukwethulwa okunamandla kweqiniso elisabalulekile namuhla njengoba lalinjalo ngalesosikhathi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 23.*

Ukuthanda UNkulunkulu

Emuva kokuba uMose ekhumbuze abantwana bakwaIsrayeli ngomlando wabo, waqala wabayaleza ngalokho okwakumele bakwenze ukuze bathabathe izwe futhi baphumelele kulo. Nembala, othile angabanga ngokuthi okuningi KuDuteronomi kwakungukuthi nje: uJehovah wayetshela abantu lokho ababedinga ukukwenza ukuze bafeze uhlangothi lwabo lwesivumelwano, ayesenze ngomusa kanye nabo ekugcwaliseni isithembiso Sakhe kokhokho babo.

UDuteronomi 6 uqala kanje: " 'Nansi imiyalo, nezimiso, nezahlulelo uJehova uNkulunkulu wenu ayala ukuba nifundiswe khona, nikwenze ezweni eniya kulo ukulidla, ukuze umesabe uJehova uNkulunkulu wakho, ugcine zonke izimiso zakhe nemiyalo yakhe engikuyala ngakho, wena nendodana yakho nendodana yendodana yakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho, kwandiswe imihla yakho' " *(Deut. 6:1, 2, NKJV)*.

Funda: uDuteronomi 6:4, 5. Yimuphi umyalelo uJehovah uNkulunkulu awunikeza abantwana bakwaIsrayeli kundimana 5 na? Kuchaza ukuthini lokho na?

_____

_____

T*handa uJehovah uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke...?* Kuyathathekisa ukuthi lapha, phakathi komthetho, phakathi kwazo zonke izixwayiso, imithetho, kanye nemihlinzeko, abantu babizelwa Ekuthandeni uNkulunkulu. Futhi hhayi nje Ekuthandeni Yena kepha ekukwenzeni lokho " 'ngenhliziyo yakho yonke, ngompefumulo wakho wonke, kanye nangamandla akho onke,' " okukhomba esimweni esingaguquki sothando.

Ukuthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo nomphefumulo namandla Kuchaza ukuthi ukumthanda kwethu Yena kumele kube ngaphezu kothando esithanda ngalo zonke ezinye izinto nabanye abantu, ngokuba Yena uyisisekelo kanye nomhlaba wobukhona bethu nakho konke okunye. Ukuthanda Yena kumele kubeke uthando lwethu lwezinye izinto endaweni efaneleyo.

KwisiHeberu, igama "yakho noma wakho" kuNkulunkulu *wakho*, inhliziyo *yakho*, amandla *akho*, lisebunyeni. Yebo, uNkulunkulu wayekhuluma kubantu bebonke, kepha ukuqina kukabonke buncike kwizigaba. UJehovah ufuna ngamunye kithi, nakuba siyingxenye yokukhulu, sithembeke Kuye ngamunye, futhi isisekelo salokho kuthembeka kumele kube wuthando lwethu Kuye, ngalokho ayiko, kanye nangalokho asenzele kona.

Kuchaza ukuthini kuwe Ukuthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo nomphefumulo kanye namandla akho na?

_____

_____

Ukwesaba UNkulunkulu

UMose watshela abantwana bakwaIsrayeli ukuba bathande uNkulunkulu ngakho konke abanako. Kwakungukungumyalelo. Kepha, ezindimaneni ezandulelayo uMose wanikeza omunye umyalelo: " 'Ukuze umesabe uJehova uNkulunkulu wakho' " *(Deut. 6:2, NKJV)*.

Funda: uDuteronomi 10:12. Ithini Lendimana mayelana nothando nokwesaba, futhi sikuqonda kanjani na?

_____

_____

Kwenye indimana batshelwa ukuba mabesabe uNkulunkulu, kwenye mabamthande Yena, futhi kulendimana kumele bamesabe futhi bamthande ngesikhathi esisodwa. Ekuqondeni okuvamile kwegama "ukwesaba" lokhu kungabonakala kuphikisana, kodwa akunjalo. Kunalokho, ukwesaba uNkulunkulu—ngokomqondo wokumangala nokuhlonipha ukuthi ungubani, igunya Lakhe namandla nokulunga, ikakhulu ngokumelene nokona kwethu, ubuthakathaka, kanye nokuncika kwethu Kuye ngokuphelele—kumele kube ngokwenzeka ngokwemvelo. Siyizidalwa eziwileyo, eziphambuke emthethweni kaNkulunkulu futhi okumele nga, ngaphandle komusa Wakhe, sifanelwe ngukulahlwa nokufa.

Funda: abase-Efesu 2:1-10. Lezizindimana kumele zisisize kanjani ekuqondeni indlela esingamesaba futhi simthande ngayo uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa na?

_____

_____

Ngaphandle kweqiniso lokuthi sasi "ngabantwana bolaka" (okuyisizathu sokumesaba Yena), uKristu wasifela thina futhi wasinikeza impilo entsha kuYena, efaka nokukhululwa esonweni nokulahlwa okwedlule (okuyisizathu sokuthanda Yena).

Futhi njengalokhu kuyiqiniso kithina namuhla, lesisimiso sasisebenza kuIsrayeli wasemandulo: babengabathunjiwe eGibhithe, belahlelwe ebugqilini nasekucindezelweni, futhi kwaba wuthando lukaNkulunkulu ngabo kanye nomusa Wakhe ngakubo okwaholela ekuhlengweni kwabo okukhulu. " 'Wokhumbula ukuthi wawuyisigqila ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha khona' " *(Dut. 5:15, NKJV)*. Akumangalisi, nokho, ukuthi kwakumele bamthande futhi bamesabe uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa. Futhi uma babezokwenza lokho, kangakanani ke thina, esineqiniso elikhulu lokufa kukaJesu esiphambanweni ngathi na?

Funda iSambulo 14:6, 7. Kumele sisiqonde kanjani isizathu sokuthi umyalelo "wokwesaba uNkulunkulu" ube ngumyalelo wokuqala wesigijimi sikaJehovah sokugcina ezweni na? Sazi lokho esikwaziyo ngokuzokwenzeka ezweni, kungani lomyalelo wenza umqondo na?

Yena Wasithanda Kuqala

Naphakathi kweMithetho nezimiso KuDuteronomi kanye nazo zonke izixwayiso esizweni samaJuda zokuthi abantu kumele balalele "imiyalelo Yakhe, ukwahlulela Kwakhe, kanye nezimiso Zakhe," okokuqala nokubalulekile kwakumele bathande uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo nomphefumulo kanye namandla abo. Nembala, babenesizathu esihle sokukwenza lokho.

Funda: uDuteronomi 4:37; Duteronomi 7:7, 8, 13; Duteronomi 10:15; Duteronomi 23:5; no Duteronomi 33:3. Lezizindinama zisifundisani ngothando lukaNkulunkulu ngabantu Bakhe na?

_____

_____

Ngokuphinda phindiwe KuDuteronomi, uMose watshela abantu ngothando lukaNkulunkulu kokhokho babo kanye nabo. Kodwa ngaphezu nje kwamazwi, uJehovah wembula loluthando ngezenzo Zakhe. Okungukuthi, nangaphandle kokusilela kwabo, ukwehluleka kwabo, izono zabo, uthando lukaNkulunkulu ngabo lwaqhubeka nokuqina—uthando olwabonakalisa ngamandla ngendlela ayebhekana nayo nabo.

"Thina siyamthanda Yena, ngokuba Yena wasithanda kuqala" *(1 Johane 4:19, NKJV)***. Lendimana isisiza kanjani ekuqondeni isizathu sokuba thina sithande uNkulunkulu na?**

_____

_____

Ukusithanda kukaNkulunkulu kwandulela ukuba khona kwethu, ngokuthi icebo losindiso labakhona ngaphambi "kwesisekelo sezwe" *(Efes. 1:4)*.

Njengalokhu u-Ellen G. White akusho: "Icebo lokuhlengwa kwethu alizange licatshangwe kamuva, emuva kokuwa kuka-Adam. Laliyisambulo 'semfihlakalo eyayifihliwe ngezikhathi zaphakade.' Rom. 16:25, R.V. lalingukwembuleka kwezimiso kususkela ephakadeni eziyisisekelo sokubusa kukaNkulunkulu."—*The Desire of Ages*, p. 22.

Sinenhlanhla enkulu ngokuthi uNkulunkulu, nembala, nguNkulunkulu wothando, uthando olukhulu kangangokuba waya esiphambanweni esikhundleni sethu, uthando oluzinikelayo kulo "Wazithobisa Yena, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano" *(Phil. 2:8, NKJV)*. Ngalokho, namuhla thina sinesambulo sothando lukaNkulunkulu kithi abantwana bakwaIsrayeli ababengakwazi nokusicabanga.

Kunokuba abe wuthando, kwakuyobanjani uma uNkulunkulu eyinzondo noma uNkulunkulu engenankathalo na? Bekuyoba yizwe elinjani leli na? Kungani lesisambulo sothando lukaNkulunkulu kithina kumele kube yinto yokuthokoza na?

Uma Ningithanda, Gcinani Imithetho Yami

UIsrayeli—isizwe ngokuphelele—wabizelwa Ukuthanda uNkulunkulu. Kodwa lokhu yinto eyayingenzeka kuphela ngamunye, ngamunye. Njengomuntu oyedwa onikezwa ukuzikhethela, umIsrayeli ngamunye kwakumele enze isinqumo sokuthanda uNkulunkulu—futhi kwakumele bakhombise lolothando ngokulalela.

Yini efanayo ezindimaneni ezilandelayo na? Okungukuthi, iyiphi indikimba efanayo kuzo na?

*Dut. 5:10*_____

*Dut. 7:9*_____

*Dut. 10:12*_____

*Dut. 11:1*_____

*Dut. 19:9*_____

Belingaba sobala kangakanani Izwi likaNkulunkulu na? Njengalokhu engasho nje ukuthi uyasithando kodwa ulwembulile lolothando kithina ngalokho asenzela nasenzela kona, abantu bakaNkulunkulu, nabo, kumele bakhombise Ukuthanda kwabo uNkulunkulu ngezenzo zabo. Futhi kulezizindimana sibona ukuthi Ukuthanda uNkulunkulu kuhambisana nokulalela Yena.

Yingakho, uma uJohane esho izinto ezifana nokuthi, "Ngokuba lokhu kungukuthanda uNkulunkulu, ukuba sigcine imithetho Yakhe" (*1 Johane 5:3, NKJV),* noma uma uJesu ethi, " 'Uma ningithanda, Gcinani imithetho Yami' " *(Johane 14:15, NKJV)*, lezizindimana zethula nje imfundiso eyisisekelo. Ukuthanda uNkulunkulu njalo kumele kubonakaliswe ngokulalela uNkulunkulu. Lokhu akukaze kuguquke, futhi kuyohlala kunjalo. Futhi lokhu kulalela uNkulunkulu kusho ukulalela umthetho Wakhe, Imithetho Elishumi, okufaka kuwo umthetho wesine, iSabatha. Ukugcina umthetho wesine akukona ukugcina umthetho ukwedlula eyisishiyagalolunye.

Nakuba ukulalela noma yimuphi kulemithetho kungaba ngukwenza ngokomthetho, lolohlobo lokulalela aluqhutshwa wukuthanda uNkulunkulu. Uma simthanda ngempela uNkulunkulu, ikakhulu ngenxa yalokho asenzele kona kuKristu Jesu, sifuna ukumlalela Yena, ngoba yilokho asicela ukuba sikwenze.

Ngenkathi uMose ephindaphinda kuIsrayeli ukuba bathande futhu balalele uNkulunkulu, wakwenza lokho ngemuva kokuba ebahlenge eGibhithe. Okungukuthi, Ukuthanda nokulalela kwabo kwakuyimpendulo yabo osindisweni uNkulunkulu ayebanikeze lona. Babehlengiwe nguJehovah. Manje babezophendula ngokumlalela ngokwethembeka emithethweni Yakhe. Kwehlukile yini namuhla na?

Ayini amava akho ekufuneni ukulalela uNkulunkulu na? Okungukuthi, Ziyini izinhloso zakho zokulalela uNkulunkulu na? Kungani kumele uqhutshwe wukuthanda Yena na? Iyiphi indima, uma ikhona, ukwesaba, indlela yezibhalo yokuqonda ukwesaba, okuyidlalayo na?

Umthetho Wokuqala

Nakuba amanye AmaKristu, ngezizathu ezahlukene, efuna ukwehlukanisa iTestamente Elidala kweLisha, ngeke kwenzeka, okungenani ngaphambi kokususa incazelo eyiqiniso yeTestamente Elisha. ITestamente Elisha, ekwembuleni kwalo uJesu kanye Nezincazelo zalo zezimfundiso zempilo, ukufa, ukuvuka, kanye nomsebenzi Wakhe wobuPristi Obukhulu, likhomba ekugcwalisekeni kweziprofetho eziningi zeTestamente Elidala. Ngezindlela eziningi, iTestamente Elidala lakha umlando, ingqikithi, kanye nesisekelo seLisha. Omabili amatestamente ambula ukulunga nothando lukaNkulunkulu.

Yilesi sizathu, ngokuphindaphinda, iTestamente Elisha, kanye noJesu, becaphuna kweLidala.

Funda: uMarko 12:28-30. Wawuthini umbuzo owabuzwa mayelana "nokuyiwona mthetho wokuqala kunayo yonke" na? Uphendula kanjani uJesu futhi eyithatha kuphi impendulo Yakhe na?

_____

_____

Kuyathathekisa ukuthi Umbhali, lowo owayenikele impilo yakhe ekuqondeni umthetho kanye nendlela okumele usetshenziswe ngayo, angaba nalombuzo. Nakuba kunjalo, miningi imithetho okungase kube babekholwa ngukuthi kumele bayilalele (kamuva inkambiso yamaJuda yayithi kunemithetho engu-613), akumangalisi ukuthi bangafuna ukuba ihlaziywe ngombuzo owodwa.

Bese uJesu enzani na?

Uqonda ngqo KuDuteronomi 6, eqala ngokuthi " 'Yizwa, Israyeli: uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye!' " *(Deut. 6:4, NKJV)*, abesecaphuna indimana elandelayo, emayelana nokuthanda uNkulunkulu ngenhliziyo yakho yonke, nangomphefumulo kanye namandla akho onke. Wabhekisa esiqinisekweni sikaJehovah njengoNkulunkulu wabo, okungukuphela Kwakhe uNkulunkulu wabo, futhi ngokumi kuleliqiniso elikhulu, babizelwa ekumthandeni Yena ngaphezu kwakho konke.

Yikuphi okungaba ngaphezu "kweqiniso lamanje" kunalomyalelo na? Ezinsukwini zokugcina, lapho izigameko zokugcina zenzeka futhi bonke bebizelwa ekukhetheni uhlangothi oluthile, imithetho kaNkulunkulu *(Samb. 14:12)* iyodlala indima ebucayi.

Ekugcineni, uhlangothi esilukhethayo, nalapho sibhekene nezintshushiso, luyosekelwa yindlela esithanda ngayo uNkulunkulu. Yilona daba olukhethisayo, futhi sifinyelela ekumthandeni uNkulunkulu ngenhliziyo nangomphefumulo nangamandla ethu onke kuphela lapho simazi ngokwethu futhi siba namava okulunga Kwakhe nothando nomusa. Uma kudingekile, lokho kuyinto esingayifela.

Uma othile ubengabuza: Abantu bafinyelela kanjani Ekuthandeni uNkulunkulu abangakaze bambone ngokwabo, ubungathini na? Eklasini xoxani ngempendulo yakho.

Ukucabanga Kabanzi: “Isiphambano sikaKristu siyoba yisayensi kanye nehubo labasindisiweyo kulo lonke iphakade. KuKristu ekhazimulisiwe bazobona uKristu owabethelwa. Akusoze kwalitshalwa ukuthi Yena omandla Akhe adala futhi owathwala imihlaba engenakubalwa emkhathini Obanzi, Othandiwe kaNkulunkulu, Umbusi wasezulwini, Yena amakherubi kanye namaseraf akhazimulayo athokozela ukumkhonza—wazehlisa ukuba aphakamise umuntu owileyo; ukuthi wathwala icala kanye nehlazo lesono, kanye nokusibekela kobuso bukaYise, zaze izililo zomhlaba olahlekile zadabula inhliziyo Yakhe futhi zahlikiza impilo Yakhe esiphambanweni saseKhalivari. Ukuthi Umenzi wayo yonke imihlaba, Umlamuleli weziphetho, angabeka phansi inkazimulo Yakhe futhi azihlaze ngenxa yokuthanda umuntu kuyohlala njalo kuthathekisa futhi kumangalisa izwe lonke. Lapho izizwe zabasindisiweyo zibuka uMhlangi wazo futhi zibona inkazimulo yaphakade kaBaba ikhazimula ebusweni Bakhe; lapho zibona isihlalo Sakhe sobukhosi, esisuka ephakadeni siye ephakadeni, futhi bazi ukuthi umbuso Wakhe awuyikuba namkhawulo, ziqubuka ngenhlokomo yengoma: ‘Lifanele, lifanele iWundlu elahlatshwa, futhi lasihlengela kuNkulunkulu ngegazi lalo elikhetheke kunawo onke!’ ”—Ellen G. White, The Great Controversy, pp. 651, 652.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Funda umbhalo ka-Ellen G. White ongenhla. Yini kuwo okumele kusisize ekuqondeni isizathu sokuthi Ukuthanda kwethu uNkulunkulu kumele kube yinto enkulu kunakho konke na? Cabanga ngalokho okuchazwa ngukuthi uNkulunkulu, Yena “owathwala imihlaba engenakubalwa emkhathini obanzi” nguYena owaya esiphambanweni esikhundleni sethu. Kungani leliqiniso kumele libe yisisekelo sobudlelwane bethu noNkulunkulu na?

❷ Gxila kakhulu emqondweni wokuthanda kanye nokwesaba uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa. Sikwenza kanjani kokubili, futhi kungani kumele sikwenze kokubili na?

❸ Kungokunye Ukuthanda uNkulunkulu ngenkathi izinto zihamba khale empilweni yethu. Kangakanani uma izinto zingahambi kahle, ngenkathi kwenzeka okubi na? Kungani, ngalezizikhathi, Ukuthanda uNkulunkulu kusemqoka kakhulu ngaphezu kokuba izinto bezihamba kahle na?

❹ Kungani iBhayibheli lisebenzisa izahluko ezimbili zonke ngalendaba kaDBuyekezani umbuzo wokugcina wangoLwesine. Yiziphi izindlela ezahlukene ongazithatha ekuchazeleni othile ongakholwa ngalokho okuchazwa ngukuthanda uNkulunkulu na? Thina sintu singamthanda kanjani umuntu esingakaze simbone na? Kungani kungabalulekile ukuthi asikaze simbone Yena, okungenani isiqu na?